

UKUNQANDWA kokhula emobeni

2018


Ikhasi 1

Luyini Ukhula ?

Ukhula isitshalo esimile lapho singadingeki khona

Kungani Singaludingi Ukhula ?

- Ukhula luqhudelana nezitshalo ngalokhu:
 - ◆ Ukukhanya kwelanga
 - ◆ Amanzi
 - ◆ Imisoco



- Ukhula ludala ukuncipha kwesivuno
- Insimu yomoba kumele ingabi nokhula okungenani izinyanga ezintathu zokuqala itshaliwe noma ihlahliwe.




Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqokethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisetshenziswe.

UKUNQANDWA kokhula emobeni

Ikhasi 2

Izigaba zokukhula kokhula

- **Lunga kaveli**
 - Ngaphambi kokuba luqhume emhlabathini
- **Luseluncane emuva kokuvela**
 - Oluwutshani: Lunohlamvu olulodwa noma amabili
 - Ukhula olunamaqabunga abanzi lusengaphansi kwebhokisi likamentshisi
- **Emuva kokuvela**
 - Ukhula oluwutshani: Amahlamvu amabili kuya kwamane ngaphambi kokuba luqhakaze
 - Ukhula olunamaqabunga abanzi: lusengaphansi kwamasentimitha ayishumi ngaphambi kokwenaba kodwa lungakaqhakazi
- **Selulukhulu emuva kokuvela**
 - Utshani sebunabile
 - Ukhula olunamaqabunga abanzi selungaphezu kuka-10cm noma seluqhakazile



UKUNQANDWA

kokhula emobeni

Ikhasi 3




Izindlela zokunqanda ukhula

• Ngezandla

Ukuhlakula kungashibha

KODWA

- Kumele kwenziwe njalo (ngokujwayelekile)
- Kudinga abantu abaningi
- Kuyadula uma kuphuze ukwenziwa
- Kuhamba kancane
- Ukhula akumele luze lube ngaphezulu kwebhokisi likamentshisi
- Lungabuye lutshaleke ukhula
- Kungalimaza umoba osaqhumayo



UKUNQANDWA kokhula emobeni

Ikhasi 4

Izindlela zokunqanda ukhula

• Ngezibulala-khula (uphoyizeni)




- Kufuna isibulala-khula okuyiso
 - Kudinga isigubhu sokufutha
 - Kufuna uqikelele/uqaphele
- KODWA**
- Kusebenza isikhathi eside (kuya emasontweni angu-14/16)
 - Kuyashesha
 - Kudinga umhlabathi oswakeme
 - Ukuwuhlanganisa (mixing) kahle kubalulekile

Umoba oyitshalo

Futha umhlabathi ongenalutho emuva kokutshala

Sebenzisa umuthi wokhula olungakaveli



Umoba osuke wahlahlwa

Shesha ufuthe emuva kokuhlahla


Ukhula akumele lube lude kunebhokisi likamentshisi

UKUNQANDWA kokhula emobeni

Ikhasi 5

Qikelela uma usebenzisa izibulala khula

- Zama ukungafuthi amaqabunga omoba
- Umonakalo uba mncane uma ufuthe umoba usengaphansi kwelitha kadilinki
- Uma umoba usungaphezu kuka-30cm, futha phakathi kolayini
- Qikelela ukuthi isifutho sakho sisebenza kahle njalo
- Sebenzisa i-flood jet nozzle



Ukugcinwa nokusebenzisa izibulala khula


- Funda okubhalwe ngaphandle ngokucophelela
- Beka imithi endaweni ephephile/ekhiyekayo
- Sebenzisa amanzi ahlanzekile, amanzi emvula yiwona anconywa kakhulu
- Sebenzisa izingubo zokuvikela

UKUNQANDWA kokhula emobeni

Ikhasi 6

Izimpawu zomonakalo wezibulala-khula

- Ukungaqhumi komoba kahle
- Ukubhasha komoba
- Amachashaza ansundu naphuzi emaqabungeni
- Amaqabunga angajwayelekile emobeni
- Umoba uba nemixhantela



Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokunisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isikhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqokethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisetshenziswe.